**SARS: UKUHLEHLISWA KWEZIMALI EZIBUYAYO KUSONJULULIWE**

**Tshwane, 25 kuNtulikazi 2024 -** UPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (uSARS) uziqaphele izinselelo mayelana nokuhlehla kwezimali ezibuyayo kwamanye ama-akhawunti abakhokhintela. Selokhu siqalile Isikhathi Sokubuyisa amafomu entela, uSARS usukhokhe izimali ezibuyayo ezevile ku-R14 billion kubakhokhintela abayi-1.5 million. Ulwazi uSARS analo luveza ukuthi abakhokhintela abayizinkulungwane ezingama-30 babone kuhlehliswa izimali zabo ezibuyayo ebese zikhokhiwe**.**

Ngenxa yengcuphe ehambisana nokuba semthethweni kwezinkokhelo zezimali ezibuyayo, zonke izimali ezibuyayo zidlula kunqubo yokuqinisekisa kubo bonke ababambiqhaza ohlelwenikusebenza lwentela. Lokhu kuqinisekiswa kungase kwenze ukuba izimali ezibuyayo zibekelwe ukuqinisekiswa.

USARS usesebenzile ngalezi zimali ezibuyayo ezihlehlisiwe, kanti kuyintokozo kithi ukubika ukuthi u-90% walezo zimali ezibuyayo sezidedeliwe. NgoMsombuluko ekuseni zonke izimali ezibuyayo ezisele zizobe sezidedeliwe noma abakhokhintela kuzobe sekukhulunyiwe nabo ukuba bahlinzeke amadokhumenit asekelayo lapho kunesidingo. Lezi yizinqubo ezijwayelekile lapho kuqinisekiswa izimali ezibuyayo. Noma zikhona lezi zinselelo ezingenhla, uSARS ngokuhambisana nokuzibophezela kwawo usukhokhe 83% wazo zonke izimali ezibuyayo emahoreni angama-72.

USARS uyaxolisa kubo bonke abakhokhintela ngokuphazamiseka okubangelwe yile nqubo yokuqinisekisa.

Ngolwazi olwengeziwe, sicela uxhumane noSARS ku SARSMedia@sars.gov.za

IYAPHELA